

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2013

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-21.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Bheka kokuqokethwe uphawule izinombolo zemibuzo ebhekiswe emsebenzini owufunde phakathi nonyaka.
3. I-eseyi yakho yemibhalo kumele ibe ngamagama aphakathi kwayi-190 kuya kwangama-240.
4. Emibuzweni emifishane, uzoholwa imiklomelo enikezwe embuzweni ukuthi impendulo yakho kufanele ibe yinde kangakanani.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
6. Bhala ngesandla esibonakalayo nesifundekayo.
7. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
8. Kulindeleke ukuba uphendule imibuzo EMIBILI kunoma yiziphi izincwadi ezimbili. Ungathathi imibuzo emibili encwadini eyodwa.
9. QAPHELA: Uma ukhetha ISIQEPHU D phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula.

| ISIQEPHU A: INOVELI | | | |
|---|------------------|----------------|-------------------------|
| Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA. | | | |
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO | AMAMAKI | INOMBOLO YEKHASI |
| 1. <i>Kusinda kwehlela endodeni</i> | Umbuzo omude | 35 | 4 |
| NOMA | | | |
| 2. <i>Kusinda kwehlela endodeni</i> | Umbuzo omfishane | 35 | 4 |
| NOMA | | | |
| 3. <i>Umshado</i> | Umbuzo omude | 35 | 6 |
| NOMA | | | |
| 4. <i>Umshado</i> | Umbuzo omfishane | 35 | 6 |
| ISIQEPHU B: UMDLALO | | | |
| Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA. | | | |
| 5. <i>Isiko nelungelo</i> | Umbuzo omude | 35 | 8 |
| NOMA | | | |
| 6. <i>Isiko nelungelo</i> | Umbuzo omfishane | 35 | 8 |
| NOMA | | | |
| 7. <i>Ababulali benyathi</i> | Umbuzo omude | 35 | 10 |
| NOMA | | | |
| 8. <i>Ababulali benyathi</i> | Umbuzo omfishane | 35 | 10 |
| ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE | | | |
| Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA. | | | |
| 9. <i>Umunwe</i> | Umbuzo omude | 35 | 13 |
| NOMA | | | |
| 10. <i>Ingoduso</i> | Umbuzo omfishane | 35 | 13 |
| ISIQEPHU D: IZINKONDLO | | | |
| Phendula noma yimuphi imibuzo EMIBILI. | | | |
| 11. <i>Ngiyafisa ukuba Qotho</i> | Umbuzo omfishane | 17½ | 16 |
| NOMA | | | |
| 12. <i>Phansi</i> | Umbuzo omfishane | 17½ | 17 |
| NOMA | | | |
| 13. <i>Inhlansi yakho Thuli</i> | Umbuzo omfishane | 17½ | 18 |
| NOMA | | | |
| 14. <i>Ngingoweliba</i> | Umbuzo omfishane | 17½ | 20 |

ISIQEPHU A: INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBIZO 1: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

Xoxa ngodweshu olwadalwa ukuhlala kukaManyoba nonkosikazi wakhe emzini yamadodana abo.

[35]**NOMA****UMBIZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Phandle ngaphambidlana nje kwesango lakwaMchunu, ubuhilihili isoka nentombi kubangwa ukuthi isoka lithi lona selilinde isikhathi eside intombazane ithi bazoya kubo kamfana ngesonto elizayo, lidlule kube elizayo futhi. Umfana ufuna ukuhamba nentombi yakhe aye kubo, yona ithi ayibatshelanga abazali bayo ukuthi ayizukubuya namuhla. Umfana akasezwa lutho, uthi iyobatshela kusasa ukuthi ibihambe nobani, yena uzohamba nayo ngaleso sikhathi hhayi kusasa. Ibone intombazane ukuthi umfana useyibamba ayiqinise esandleni, imncenge kube nhlanga zimuka nomoya. Isiyachiphiza manje intombazane. Umfana useze wavula umnyango wemoto ukuba ayiphoke ingene bahambe nayo intombi yakhe le. Kusewubushudushudu kusabangwa, ugogo umile eduze nomnyango uyabukela. Kade efikile lapha uyizwe yonke inkulumo phakathi kwesoka nentombazane. Ngesikhathi umfana eseyibamba ngenkani intombazane, ugogo ashone khona nenduku yakhe yokudondolozela angabe esabuza ashaye esokeni. Ashaye ephindelela. Isoka labaleka langena emotweni yalo, zaya kakhulu. Ugogo nentombazane babambane bakhuphuka izitebhisi baze bayongena endlini.

Kwaba ukungena ogogo nomzukulu wakhe sebehamba kancane. Abazali bentombazane badinwa bagana unwabu ngoba becabanga ukuthi yilesi salukazi esigangisa ingane yabo. Basithethisa. Umakoti washo akuthandayo kumamezala, esho nokusho ukuthi ingane yabo ayikaze ibuye ngalesi sikhathi. Wambiza ngesikhohlakali sikamama esigangisa ingane yabo engakaze ibuye ngalesi sikhathi ebuye ngaso namuhla. Sebekhulume baze beqisa amagama, ingane yathi konina noyise abehlukane nokhulu wayo, abanayo indlela yokukhulisa intombazane, ukhulu wayo kuphela oyitshela iqiniso ngempilo yentombazane esencane nokuthi ifanele iziphathe kanjani ukuze ibe nesimilo.

Bathula, bethukile bezibuza ukuthi ngabe le ngane ingenwe yini namuhla ngoba ihlale ithi abakhuze ukhulu oyisicefe ngokuyitshela ukuthi ayingahambi ebusuku. Kwenze njani namuhla yakhuluma kanje. Bathi bethi bayakhuluma, yathi abathule baye ekamelweni lapho belala khona balale. Yona nogogo wayo sebeyolala. Nebala bonke bahlukana baya lapho belala khona. Ekamelweni labazali bentombazane bayabuzana kepha izimpendulo azikho. Ziyime emthumeni kumakoti obehlala ekhwela ezehlela njalo kuninazala. Inkinga yakhe kwakuwukuthi noma ethethile endlini enkulu, kodwa akabonanga ukuthi ngabe yini le eseyenza ingane yabo inamathele kangaka kuninakhulu namuhla.

- 2.1 Ubani le ntombazane okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana esingenhla? (1)
- 2.2 Iyiphi inkinga ebibhekene nayo le ntombazane ugogo aseysisindise kuyona? (1)
- 2.3 Le ntombazane ihlobene kanjani nalo gogo kulesi siqeshana? (2)
- 2.4 Shono ukuthi kusemzini kabani lapha ngokwalesi siqeshana. (1)
- 2.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:
- 2.5.1 Badinwa bagana unwabu. (2)
- 2.5.2 Ukhwela azehlele kuninazala. (2)
- 2.6 Yini eyayixabanisa le ntombazane nesoka layo? (2)
- 2.7 Ugogo wayisindisa kanjani le ntombazane esokeni layo? (2)
- 2.8 Kungani abazali bale ntombazane babecabanga ukuthi ugogo nguyena owayegangisa ingane yabo? (2)
- 2.9 Chaza ngamaphuzu AMABILI ukuthi ugogo wafika kanjani kulo muzi? (4)
- 2.10 Njengoba uMaNdlovu ehlala nalo mndeni ingabe uManyoba yena uhlala kuphi? (1)
- 2.11 Ngokucabanga kwakho ingabe sikhona isifundo le ntombazane eyasifunda kugogo wayo? Sekela impendulo yakho. (3)
- 2.12 UManyoba uyindoda ekwaziyo ukubekezela. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (4)
- 2.13 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi izingane zikaManyoba zase zimbona esengumthwalo kuzona ngesikhathi esegugile. (3)
- 2.14 Qondanisa UHLU A noHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|-------------------------|------------------------------------|
| 2.14.1 UFanyana | A Ummeli eThekwini |
| 2.14.2 UMjwayeli | B Umfundisi |
| 2.14.3 UBheki | C Umshayeli eBergville |
| 2.14.4 UMduduzi | D Uthisha eGoli |
| 2.14.5 Indodana kaZakwe | E Umcwangingi wamabhuku eNewcastle |

(5 x 1)

(5)
[35]**NOMA**

UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu

Xoxa ngodweshu phakathi kukaBhekani, abazali bakhe, umalume kanye nomphakathi ngesikhathi uBhekani ethatha isinqumo sokuthandana aphinde ahlele ukushada uTholakele.

[35]**NOMA****UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Siphume isikole. Aqonde ekhaya uBheki ayochazela unina ukuthi uhambe kanjani. Baluxoxe isikhathi eside udaba nonina. Unina atshele uBheki ukuthi kukhona umuntu ambonile emini. Sengathi ubekhona emotweni ethathe uLindiwe.

'Umbonephi?'

'Esitolo.'

'Ungamkhomba nje mama?'

'Ngingamkhomba. Ngimbuzile kwabanye bangitshela ukuthi ubani, sengikhohliwe manje.'

'Kodwa uthi ngabe bambulele uLindiwe?'

'Angisho ngabe sesizwile. Kuzofuneka sithumele kubo sizwe ukuthi ukhona yini.'

Bathi ukuthula uBheki esadla amathambo ekhanda.

'Ake ngihambe ngihogela le ndaba nami mama. Uma ngephuza ukubuya uvale mama.'

'Uyiphathe ngesinono le ndaba Bheki. Uma izigebengu zingathola ukuthi uyasesha zingakwenzakalisa mntanami.'

Avalelise uBheki. Aqonde kuTholakele. Sekumnyama impela. Acabange ukuthi uyobe ufile uma efice umlungu kaTholi. Ahambe asheshe. Sekuvaliwe emnyango kaTholakele. Angqongqoze. Avule uTholi. Angene uBheki.

'Bengithi usungilahlile mntakwethu,' kusho uTholakele. Asho maqede agaxe uBheki amphonse endlini. Babambane bemile bangane isikhathi eside.

'Yini le ekade isha lapha endlini?'

'Kusho ukuthi kukulezi zindlu engakhelene nazo.'

Aqalaze indlu yonke uBheki. Abone amakopi otshwala engasenalutho.

'Ubani obephuza lapha?'

'Abanye nje abangani bami. Uzohamba noma uyalala?'

'Angihambi Tholakele.'

'Kwangcono. Ngingakwenzela ukudla?'

'Kungcono into ephuzwayo.' Nempela asukume uTholi enze isiphuzo.

'Singageza sobabili?'

'Angazi Tholi. Ake sizame kodwa.' Asukume uTholi aqale ukukhumula izingubo.

'Ngiyabonga mntakwethu. Ngibonga namayembe ongithengele wona. Awamahle ayamangalisa.'

'Kubonga mina wakwami. Angivuke ngigeze.'

'Mina sengiyalala, ngikhathele kabi.'

'Nami sengifikile khona manje.'

Asheshe azumeke uBheki. Uthe eselele lafika iphupho likayise futhi. Nakuleli phupho wayembuza wona lowo mbuzo wokuthi akaganwa ngani. Ulaka ayenalo lwalwesabeka. UBheki wakhala waze wezwiwa uTholi. Wamvusa lanqamuka iphupho. Azumeke futhi uBheki. Uyise afike esexosha intombazane egqoke izingubo ezimnyama futhi. Okwammangaza uBheki ukuthi ngaleyo nkathi noTholi wavuka wagxuma.

- 4.1 Ubani lo Lindiwe okukhulunywa ngaye kule ndaba? (1)
- 4.2 Yini le eyenza uBheki abuze ukuthi ngabe ubulewe uLindiwe? (2)
- 4.3 Wabona kanjani uBheki ukuthi kwakukade kuphuzwa endlini kaTholi? (1)
- 4.4 Shono OKUTHATHU okuthiwa kwakwenziwa abantu bemoto ebomvu. (3)
- 4.5 Bhala izinto EZINTATHU ezasanganisa uBheki ngesikhathi ebona uTholi okokuqala. (3)
- 4.6 Bhala izinto EZIMBILI ezikhombisa ukuthi uBheki wayemthanda uTholakele. (2)
- 4.7 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:
- 4.7.1 Ukudla amathambo ekhanda (2)
- 4.7.2 Ukwenzakalisa (2)
- 4.7.3 Usungilahlile mntakwethu (2)
- 4.8 Bhala umusho osesiqeshini okhombisa ukuthi uyise kaBheki wayengamfuni uTholakele. (2)
- 4.9 Bhala OKUBILI okuyisikompilo unina kaBhekani athi kufanele kwenziwe ukuze uTholakele amukelwe njengomakoti? (2)
- 4.10 UPamella uvezwe njengomlingiswa onjani? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.11 Ngokucabanga kwakho yini le ekade isha endlini kaTholi? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.12 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi umalume kaBheki wayephoxekile ngaye ngokukhetha uTholakele. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 4.13 Qondanisa UHLU A noHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|-------------------|---|
| 4.13.1 UTholakele | A Wangena esontweni esefakwe ozankosi. |
| 4.13.2 ULindiwe | B Umngani kaBhekani. |
| 4.13.3 UPamella | C Kwakufanele angenwe uBhatomu ongumfowabo womenyeni wakhe. |
| 4.13.4 UZenze | D Wayenomntwana noBhekani. |
| 4.13.5 USifiso | E Wakhishwa ngezinkulungwane ezintathu zamarandi ejele. |

(5 x 1)

(5)
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A:****35**

ISIQEPHU B: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 5: ISIKO NELUNGELO – N Zulu

Udaba lokungenwa kukaThenjiwe lwasusa udweshu phakathi kwakhe nomamezala wakhe uMaMbatha. Xoxa ngalolu dweshu uphinde uveze ukuthi luwukhulisa kanjani umdlalo kuze kufike esiphethweni.

[35]**NOMA****UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

(UThenjiwe uzobona uSipho ejele bayaxoxa)

Sipho: Kodwa uthe uyaphi ekhaya?

Thenjiwe: Ngithe ngiya kwasisi. Kuzofuneka uma ngisuka lapha ngidlule kuye ngimgqibe. Kodwa uhleli kanjani lapha?

Sipho: Kabuhlungu kabi Thenjiwe. Angazi ngingakuchazela ngithini. *(Zicwebe izinyembezi)* Ibuhlungu impilo yalapha angithandi ukukukhohlisa. Ngakhumbula ekhaya ngifika nje.

Thenjiwe: Ngiyakuzwela Sipho. Icala lakho kuthiwa yini ngempela?

Sipho: Kwavele kwathiwa ngonisa wena emzini. Ngikwenza ube nenkani.

Thenjiwe: Awusasho yini ukuthi wawulamula, ungaqonde kugwaza muntu.

Sipho: Abanginikanga ithuba elide lokuchaza. Okubi-ke futhi ngangingenaye ufakazi.

Thenjiwe: Awusasho ngani ukuthi abangibize?

Sipho: Ngabona ukuthi ngizokwandisela izinkinga. Ukuba kuya ngami ngabe ngithi mgane uDumisani lowo.

Thenjiwe: Kahle Sipho bo. Sekwenzenjani futhi?

Sipho: Kwathiwa ngiyophuma uma seniganene.

Thenjiwe: Kanti awuboshelwe lona icala lakho owalenza. Kwenzelwe ukuba ngigane uDumisani?

Sipho: Ngendlela engihlezi kabuhlungu ngayo lapha mngani wami, impela shintsha umqondo. Mhlawumbe uthando lukaDumisani luzobuye luvele.

Thenjiwe: Ngeke Sipho. Ngeke. Uyazi esikhundleni sokuba kuqale uthando lukaDumisani uya ngokuya eba yisitha. Ngizogcina ngimenzakalisile.

Sipho: Uthanda ngidilikelwe yijele?

Thenjiwe: Cha. Uyazi inhliziyoyami ibuhlungu kabi njengoba ulapha nje. Ukuba kukhona engingakwenza ukuze uphume ngabe ngiyakwenza.

Sipho: Gana uDumisani phela.

Thenjiwe: Sengicabanga ukuvele ngimbulale uDumisani Sipho. Awuqali ukungifikela lo mqondo.

Sipho: Cha!Cha!Cha! Ungalokothi. Ufuna ukuzozwa lolu sizi engiluzwayo. Ngeke ulumele.

- 6.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)
- 6.2 Uzokwenzani uThenjiwe kule ndawo? (1)
- 6.3 Chaza kafushane ukuthi kwenzeka kanjani ukuthi uSipho azithole esekule ndawo? (2)
- 6.4 Kungani uThenjiwe kumele aqambe amanga ekhaya uma eza kule ndawo? (2)
- 6.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe endabeni:
- 6.5.1 Ukucweba izinyembezi (2)
- 6.5.2 Ukugqiba (2)
- 6.5.3 Ukudilikelwa ijele (2)
- 6.6 USipho kwathiwa uyophuma ejele uma sekwenzenjani? (1)
- 6.7 Bhala izikhali EZINTATHU uThenjiwe acabanga ukubulala ngazo uDumisani. (3)
- 6.8 Ngamaphuzu AMABILI chaza ukuthi uDumisani wasinda kanjani ekuphuzeni itiye elalinoshevu? (4)
- 6.9 UNondumiso uvezwe njengomlingiswa oyesekelayo ingane yakwabo uThenjiwe Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.10 Ngokucabanga kwakho ugogo kaThenjiwe wayegula ngempela? Sekela impendulo yakho. (3)

- 6.11 Ukuba wawunguThenjiwe wawuyokwenzenjani uma kuthiwa vuma ukungenwa umfowabo wendoda yakho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 6.12 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uMaMbatha nguyena owayefuna uThenjiwe angenwe uDumisani. Sekela impendulo yakho. (3)
- 6.13 Qondanisa UHLU A noHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|------------------|--|
| 6.13.1 UGugu | A Umakhelwane wakwaZungu. |
| 6.13.2 UThabi | B Isithakazelo sakwaZungu. |
| 6.13.3 UMaNzuza | C Umngani kaThenjiwe. |
| 6.13.4 UThenjiwe | D Wasindisa uDumisani ekuphuzeni ushevu. |
| 6.13.5 Manzini | E Kufanele angenwe nguDumisani. |

(5 x 1)

(5)
[35]**NOMA****UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Bhala uveze iqhaza elibanjwa nguMbandlwa njengomelekeleli ongumqhathi kulo mdlalo. Veza ukuthi izenzo nezeluleko ayezinika uDuma zilubhebhethekisa/zilukhulisa kanjani udweshu kulo mdlalo.

[35]

NOMA**UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo engezansi.

(Kusesibhedlela, inkosi uShandu ilele embhedeni. Usebukeka engconywa ngoba uyakhuluma. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, uMaShezi kanye noDuma.)

Mazongolo: Ngicela ukuthandaza. Masivaleni amehlo. (bonke bavale amehlo, bahlanganise izandla.) Jehova Mdali weZulu nomhlaba, siyazithoba phambi kwakho. Siyabonga baba ngokusinika leli thuba elisezandleni zethu njengamanje. Baba, sicela wehlise umoya wakho oyiNgcwele usilawule. Kukho konke esizokwenza, kube yilokho okuthandwa nguwe. Uphinde baba uvakashele isizwe senkosi uShandu. Baba uthele umoya wakho kuso lwehle ulaka. NoNdabezitha baba msikelele, wenze izimanga zakho asinde abuyele ekhaya. Nemindeneni esemanzini njengamanje yibophe ngebhande likamoya oyiNgcwele. Konke lokhu sikucela egameni loMfeli wethu uJesu Kristu. Amen.

| | |
|-------------------------|--|
| Abantu: | Amen. |
| Shandu: | (ngezwi elikhathele) Mfundisi, ngiyabonga. Nawe MaShezi, ngiyabonga kuwe. Ngingakhohlwa nguwe sayitsheni. |
| Mazongolo: | Hhayi-ke, yithuba elihle leli. Okokuqala nje mina ngiyathokoza ngoba uma ngiyibheka inkosi, ngiyibona izolulama. Cha, bayasebenza odokotela. |
| MaNgema: | (eqondise kumfundisi) Baba Mfundisi odokotela bayasebenza ngoba nangu ubaba ebonakala eswabuluka. Mina bengithi sekuphelile. Cha, bathe akezungena engozini futhi kusize kona ukumphuthumisa kwethu. |
| Duma: | (asondele ngasenhla kombhede. Uhlikihla izandla njengomuntu ohloniphayo) Ndabezitha, shwele. Kunje-nje, kungenxa yami. Ngiyaxolisa Ndabezitha. Yebo Ndabezitha, ukube angizange ngimlalele uMbandlwa ngabe asikho lapha. |
| MaNgema: | Masingabuyeli kulokho manje kodwa masizameni ikhambi. |
| MaShezi: | (ngenhlonipho ebhekise enkosini) Ndabezitha, ngiyamsola umyeni wami lo ngokuvumela inhliziyo yakhe imenzise konke akwenzile. Nami ngimcelela uxolo Ndabezitha. |
| Mazongolo noSayitsheni: | (banqekuzise amakhanda sakuvuma) |
| Shandu: | Lokhu ngizokusho nizwa nonke; ngiyakuxolela Duma. |
| Duma: | (Akhothame) Ngiyabonga Ndabezitha. Kusukela manje sengizokwenza konke okusemandleni ami ukuthi ngibeke uNdabezitha phambili ngaphambi kokwenza noma yini ethinta isizwe. |

- 8.1 Ikuphi inkosi njengoba kukhulunywa nayo nje? (1)
- 8.2 Kungani inkosi ikule ndawo? (2)
- 8.3 Yini elethe uDuma enkosini njengoba ilele esibhedlela nje? (1)
- 8.4 Bhala izizathu EZIMBILI ezenze ukuthi uDuma ayozehlisa enkosini? (2)
- 8.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe esiqeshini:
- 8.5.1 Ukuba semanzini (2)
- 8.5.2 Ukwelulama (2)
- 8.5.3 Ukulawulwa umoya oyingcwele (2)
- 8.6 Bhala izinto EZIMBILI ezazijabulisa uMaShezi ngokuthi uDuma uyikhansela. (2)

- 8.7 Xoxa ngodweshu olube phakathi kukaDlamini noDuma ngesikhathi enamathisela izaziso zomhlangano. Bhala amaphuzu AMANE. (4)
- 8.8 Esiqeshini esingenhla caphuna amaphuzu AMABILI akhombisa ukuthi uDuma useyayihlonipha inkosi. (2)
- 8.9 Ngokucabanga kwakho inkosi uShandu ibabongelani laba bantu abalandelayo:
- 8.9.1 Umfundisi uMazongolo (2)
- 8.9.2 UMaShezi (2)
- 8.9.3 USayitsheni (2)
- 8.10 Ingabe iqiniso noma umbono ukuthi uMbandlwa wayegqugquzela uDuma ukuthi angayihloniphi inkosi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (4)
- 8.11 Qondanisa UHLU A noHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|----------------|---|
| 8.11.1 Mzizi | A Kwakufunda khona uMashezi |
| 8.11.2 Udweshu | B Elinye igama likaNkulunkulu |
| 8.11.3 UDuma | C Ukushayisana/ukungqubuzana kwemibono endabeni |
| 8.11.4 OHlange | D Isithakazelo sikaDlamini |
| 8.11.5 UMdali | E Ikhansela lendawo |

(5 x 1)

(5)
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi siqephu esilandelayo. Uma ukhetha umbuzo omude bhala ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

UMBUZO 9: UMUNWE – S Zimema

Chaza ukuthi umbhali umveze njengomlingiswa onjani uZodwa endabeni emfishane uMunwe.

[35]**NOMA****UMBUZO 10: INGODUSO – S Bhengu**

Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Kumnyama lapha. Nale ndawo kangiyazi kahle ngoba ngagcina ukuza lapha eminyakeni emibili eyadlula ngihamba naye uNokwazi. Khona angisho ukuthi sengingeduka ngaleyo ndlela indawo sengike ngahamba kuyo, ngibe ngaya nasesikoleni ngazibonabona izimpukane. Phela sasifundiswa thina ukuthi uma uhamba endaweni uboyibukisisa, ngoba ngelinye ilanga uyothi usuhamba wedwa kuleyo ndawo ube nenkulu inkinga le, ngenxa yokuthi awukujwayelanga ukuqaphelisisa. Ngiyasibonga leso seluleko sikathisha wami. Buka nje, njengoba ngihamba manje ngiyobheka ingoduso yami, nginethemba lokuthi ngizoze ngifinyelele kuyo ngingabanga nayo inkinga, yize-ke phela kade ngagcina ukuza kuyo.

Cha, angethembe nje bandla ukuthi ngiyothi noma sengifika kuye axole ngesimanga sokungambhaleli kwami kule minyaka emibili sagcinana, ngoba phela akekho obazi ukuthi bengisendlini emnyama le kwaNdongaziyaduma. Ngibonga nje nakho ukuthi nalokhu engangiboshelwe khona akutholakalanga, ngiyofike ngikuthi qithi kuNokwazi, ngithi, 'Yesula izinyembezi nganazi izindodla zemali Sithandwa'.

Ngidwanguze-ke kubo ubumnyama lobu obuhambisana nenkungu. Ngithi nhla ewashini. Kuyoshaya ihora lesishiyagalolunye manje. Cha, akukabi kubi kakhulu, nansiya nemizi laphaya phesheya isakhanyisile. Into embi ngale ndawo yakubo kaNokwazi ngukuthi isephansi kakhulu, ayikakabi nazimoto eziningi ezisebenza ukuthutha umphakathi. Khona-ke ngalezi zikhathi izimoto kusuke sekungabakhwekazi, ngeke uyithole ngisho usuthanda. Cha ayinginiki ukuthula indawo yangakubo, ngingazi-ke ukuthi kanti yini umsebenzi walawa makhansela abawakhethayo uma le ndawo ingakabi nagesi emgwaqeni, ingakabi nazingcingo, nomgwaqo usenje, ibhuqu nje eligcwele uthuli. Kusho ukuthi kuyothi singashada, ngimthathe siyozihlalela le edolobheni, sikhombe ngophakathi. Nansi nje imali engaze ngachitha iminyaka emibili yonke ejele ngenxa yayo, sengiphumile-ke manje. Sizohlala kahle naye, sandise umndeni lo wamaNgwane.

Ngihambe. Nankuya umfula uhaza laphaya. Sake safika sahlala kuwo naye uNokwazi sisanda kwakha isivumelwano. Kunesihlahla laphaya esasihleli ngaphansi kwaso, nakhu phela lalibasile, likhipha umkhovu etsheni. Ngiyalikhumbula lelo langa. Kwakungathi ngiyaphupha ngesikhathi engiphendula uNokwazi ethi yebo embuzweni engangimbuze wona ngathi: 'Uyavuma ukuba sishade?' kwathi angindize nakhu phela sasimbanga nezinsizwa eziningana ezazihlala khona lapha ngakubo. Ngijoyabula uma ngingabanga nalo ishwa lokuhlangana nazo ngoba lukhulu uchuku olungasuka. Ngabantu bezinduku phela laba bakule ndawo, abenqeni ukuthi uma behlangana nawe bengakwazi bakubuze ukuthi udishwaphi. Uma ungaqondi kahle ngalo mbuzo wabo, isikhwili siqhuma ezimbanjeni, indoda ikhale ngonina. Nokho nginethemba lokuthi ngeke ngihlangane nomuntu ozongibangela umsindo ngoba ngizophoqeleka ukuba ngidonse izulu lezandla kumane kuchitheke gula linamasi. Phela nginguNgwane, angibhedelwa, noNokwazi uyakwazi lokho.

- 10.1 Kwakunabuhlobo buni phakathi kukaSipho noNokwazi? (1)
- 10.2 Yini eyenza ukuthi uNgwane noNokwazi bangabonani isikhathi esiyiminyaka emibili? (2)
- 10.3 USipho wayehlose ukuthi uzoxolisa kanjani/ngani kuNokwazi uma efika kuye? (2)
- 10.4 Into uSipho ayezoxolisa ngayo kuNokwazi wayeyithathephi? (2)
- 10.5 Bhala izinto EZINTATHU ezazenza ukuthi indawo yakubo kaNokwazi ithathwe njengendawo ephansi. (3)
- 10.6 Kungani uSipho wayengafisi ukuhlangana nezinsizwa zangakubo kaNokwazi? Bhala amaphuzu AMABILI. (4)
- 10.7 Yini eyacasula uNgwane ngesenzo somshayeli wetekisi ayeligibelile eya kubo kaNokwazi? (2)
- 10.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile esiqeshini esingenhla:
- 10.8.1 Libasile, likhipha umkhovu etsheni (2)
- 10.8.2 Ngizodonsa izulu lezandla (2)
- 10.8.3 Ukuqhumisa impama (2)
- 10.9 Phawula ngezehlakalo ezenzeka ngesikhathi uNgwane entshontsha imali emsebenzini. Bhala ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 10.10 Kungani uNokwazi wayengafuni uSipho akhulume ngesibhamu? (2)
- 10.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi isibhamu siyingozi? Sekela impendulo ngamaphuzu AMABILI asendabeni. (3)

10.12 Qondanisa UHLU A noHLU B.

| UHLU A | UHLU B |
|-------------------|----------------------------|
| 10.12.1 UNokwazi | A Ingane kaNokwazi noSipho |
| 10.12.2 UPhumlani | B Umukhwe kaSipho |
| 10.12.3 USipho | C Ingoduso kaSipho |
| 10.12.4 UGodide | D Umfowabo kaNokwazi |
| 10.12.5 USanele | E Umkhwenyana kaNokwazi |

(5 x 1)

(5)
[35]**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala****UMBUZO 11**

Khetha izinkondlo EZIMBILI kuphela bese uphendula imibuzo.

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe

1 Ngiyafisa ukuba qotho
2 Ngishumayeke ngobuqotho,
3 Ngibe qotho ezindleleni zami
4 Ulimi lwami lubeqotho,
5 Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

6 Ngiyafisa ukuba qotho
7 Emsebenzini yami.
8 Nanxa ngikhandleka
9 Imisebenzi yami ibe qotho
10 Iziphambeko zami zisulwe.

11 Ngiyafisa ukuba qotho
12 Kubazali bami
13 Ngihloniphe omdala nomncane
14 Ukuze ngitshal' imbewu
15 Yobuqotho esizweni sakithi.

16 Ngiyafisa ukuba qotho
17 Eziphiweni zami enginazo
18 Ukuze ngisebenzise zonke
19 Ngokukhulu ukwethembeka
20 Ukuze ngijabulise abantu.

21 Ngiyafisa ukuba qotho
22 Naku Somandla uqobo!
23 Ngiziveze ngimsulwa kuye
24 Ngikhale kuye angizwe
25 Yen' owazi ngempokophelo yami.

- 11.1 Bhala izinto EZINTATHU imbongi ethi ifisa ukuba qotho kuzo. (3)
- 11.2 Kungani imbongi ifuna ukuba qotho kuMdali? (1)
- 11.3 Bhala umusho okhombisa ukuthi imbongi ifisa ukuhlonipha wonke umuntu ngaphandle kokubheka iminyaka. (2)

- 11.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:
- 11.4.1 Ukuba qotho ezindleleni. (2)
- 11.4.2 Ukusulwa kwezimpambeko. (2)
- 11.5 Bhala impindwa etholakala kule nkondlo bese usho ukuthi imbongi iyisebenziseleni. (3)
- 11.6 Bhala isibonelo semvumelwano sigcino eyeqayo etholakala esigabeni soku-1. (1½)
- 11.7 Shono uhlobo lokuxhumana okutholakala emgqeni wesi-3 kuya kowe-4 bese unikeza nesibonelo sakhona. (3)
- [17½]**

NOMA

UMBUZO 12

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Phansi – LMMS Madondo

- 1 Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
- 2 Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
- 3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha
- 4 Lunye kuwo uhambo
- 5 Impinda kayikho
- 6 Lunye kuwo uhambo
- 7 Impinda kayikho
- 8 Sinye kuwo isikhathi
- 9 Sifushane asenele
- 10 Ubumpigogo nobusakabuli buyaqedwa
- 11 Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
- 12 Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
- 13 Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
- 14 Abaqhwakazela phezul' onontandakubukwa
- 15 Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
- 16 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
- 17 Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
- 18 Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

- 12.1 Ngamaphuzu AMATHATHU shono ukuthi ikhuluma ngani imbongi kule nkondlo? (3)
- 12.2 Yini le imbongi ethi yehlisa abantu abazikhukhumezayo? (2)

- 12.3 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe enkondlweni:
- 12.3.1 Ubumpigogo nobusakabuli buyaqedwa (2)
- 12.3.2 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha (2)
- 12.3.3 Ukuwa bhu (2)
- 12.4 Bhala isifengqo esisemgqeni we-17 bese usho nohlobo lwaso. (2)
- 12.5 Kunemigqa imbongi eyiphindaphindile yibhale phansi. Chaza ukuthi ikwenzelelani lokho. (3)
- 12.6 Bhala uhlobo lwemvumelwano olutholakala emgqeni wesi-2 nowesi-3 bese unikeza nesibonelo. (1½)
[17½]

NOMA

UMBUZO 13

Funda le nkondlo engenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Inhlansi yakho Thuli – SB Mlambo

- 1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
- 2 Ngishiywe nguNontando dengwane,
- 3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
- 4 Ngingaboni lutho wufasimba,
- 5 Kujuluke namehlo.
- 6 Ngakubona buqamama.
- 7 Ngakubona uyinhlalana
- 8 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
- 9 Ngamangala, ngankema.
- 10 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
- 11 Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo,
- 12 Yokhela, yalanguz' ilangabi.
- 13 Ngabuzwa ubulangulangu
- 14 Ngaziba, lakhula ilangabi.
- 15 Kokheleka nakweziny' izitho.
- 16 Ukunyamezela kwangiphika.
- 17 Ukubekezela kwanyamalala.
- 18 Wadlondlobala umlilo ngazidela.
- 19 Ngayihlomisa eyomlomo.
- 20 Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

- | | |
|----|---------------------------------|
| 21 | Ngakujuma ungazelele. |
| 22 | Ngakuchohoshisa ngeyamazwi. |
| 23 | Ngagadla ngengedla wapaquza, |
| 24 | Ngabasela ngewisa ngakuguqisa, |
| 25 | Ngagwaza ngesijula. |
| 26 | Nganqoba ngingeqhawe. |
| 27 | Ngazihasha ngingembongi, |
| 28 | Yahlokom' imvelo |
| 29 | Kwabakuhle konke. |
| 30 | Ngayithumb' eyakho inhliziyiyo, |
| 31 | Ngayokhelisa yokhela. |
| 32 | Kwahlangan' ilangabi. |
| 33 | Mawungacishwa muntu |
| 34 | Mawungacishwa mvula nomoya. |

- 13.1 Ikhuluma ngobani le imbongi kule nkondlo? (1)
- 13.2 Ithini imbongi ngalo ekhuluma ngaye? (1)
- 13.3 Esitanzeni sesibili khipha umusho oqukethe isifenqo bese usho ukuthi siluhlobo luni. (2)
- 13.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenziswe enkondlweni:
- 13.4.1 Ukuthwayiza (2)
- 13.4.2 Ukuhlokoma kwemvelo (2)
- 13.4.3 Ukuhlomisa eyomlomo (2)
- 13.5 Khetha impendulo efanele kulezi ezikubakaki:
- 13.5.1 Ukunyamalala kokubekezela (ukuphela, ukuqala, ukunyamezela) kwakho. (1)
- 13.5.2 Nganqoba (ngahlula, ngehluleka, ngagibela) ngingeqhawe. (1)
- 13.5.3 Ngayithumba (ngayibeka, ngayifihla, ngayithatha) inhliziyiyo. (1)
- 13.6 Bhala isibonelo semvumelwano siqalo eyeqayo etholakala esigabeni soku-1. (1½)
- 13.7 Bhala uhlobo lokuxhumana olutholakala esigabeni sesibili bese unika nesibonelo sakhona. (3)

[17½]**NOMA**

UMBUZO 14

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ngingoweliba – NL Luthuli

- | | |
|----|---|
| 1 | Umzimba wam' uhlukeno nomphfumulo. |
| 2 | Umzimba ubuyele kwamhlaba' emhlabathini |
| 3 | La owadabuka khona. |
| 4 | Umphefumulo awusenabalo kwamhlaba. |
| 5 | Umzimba kuphel' onesabelo, |
| 6 | Ngob' ungoweliba. |
| 7 | Nendodana kaSomandla, |
| 8 | Yaba ngeyethuna. |
| 9 | Ngolwesithathu yalinqob' ithuna, |
| 10 | Yavuka kwabaleleyo. |
| 11 | Pho mina bengingahlala kanjani |
| 12 | Ngingabi ngoweliba njalo na? |
| 13 | Um' indodana yoMunt' ingakabuyi, |
| 14 | Ngiyoba ngoweliba njalo. |
| 15 | Ngiyazi bayokhala balile, |
| 16 | Bathi balahlekelwe, |
| 17 | Bayosho baze bafakazelane |
| 18 | Ngent' eyodwa, |
| 19 | Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami. |
| 20 | Keph' engikwaziyo kunye, |
| 21 | Mina nabo singabeliba. |

- 14.1 Indodana kaNkulunkulu yavuka ngosuku lwesingaki? (1)
- 14.2 Bhala amaphuzo AMABILI ngokushiwo/okuqondwe yile nkondlo. (2)
- 14.3 Khetha impendulo efanele kulezi ezikubakaki:
- 14.3.1 Yanqoba iliba (isango, ithuna, izwe) ngokuvuka. (1)
- 14.3.2 Indodana yoMuntu (ekababa, ekamazala, eyoMdali). (1)
- 14.3.3 Umzimba onesabelo (onendawo, onekusasa, onephupho) emhlabeni. (1)
- 14.4 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisebenzile enkondlweni:
- 14.4.1 Umzimba uhlukeno nomphfumulo. (2)
- 14.4.2 Mina nabo singabeliba. (2)
- 14.4.3 Umphefumulo awunasabelo kwamhlaba. (2)

- 14.5 Khipha isisho esitholakala esigabeni sesi-3. (1)
- 14.6 Bhala isibonelo semvumelwano siqalo eyeqayo etholakala esigabeni sesi-2. (1½)
- 14.7 Bhala uhlobo lokuxhumana okutholakala esigabeni soku-1 bese unika nesibonelo. (3)
[17½]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70